



Read aloud with us!

Welcome to your special World Read Aloud Day edition of the Nal'ibali supplement. Each year in the first week of March, people all over the world celebrate World Read Aloud Day by getting together to read stories to each other.

Adults read stories to children; older children read to younger children and some children even read to adults they know who love hearing them read or do not read themselves. And this all happens in different places: in homes, schools, playgroups, preschools, libraries, community centres, churches, temples, mosques and bookshops! But, the simple act of reading aloud on this day is about more than just people sharing satisfying and interesting stories. It also shows our children and others around us that:

- ★ we think reading is important
- ★ we are committed to helping children become readers by reading aloud to them regularly
- ★ we believe that everyone has the right to learn how to read!

How to get involved

This year World Read Aloud Day is being celebrated on 6 March 2013. Nal'ibali is calling on everyone in South Africa to read the same story aloud on the same day so we can experience the joy and benefits of sharing stories with children together – and be inspired to carry on reading aloud with our children each and every day of the year.

- ★ Nal'ibali brings you a special story, *A gold star and a kiss for Thoko* (see pages 2 and 4) to share on World Read Aloud Day. Read it:
 - to your own children
 - to the children in your class or at your school
 - at a specially arranged event at your library or community centre.
- ★ Use the ideas on page 3 to help you plan fun activities linked to the story.
- ★ Suggest that your children make World Read Aloud Day badges. They can use the template on page 6 or create their own.
- ★ Encourage older children to complete the "We read it!" sheet on page 6 in which they record their reading activities on World Read Aloud Day.



Go to www.nalibali.org to sign up your family, reading club or school for World Read Aloud Day and help make this the biggest reading event in South Africa!

Iya ku-www.nalibali.org ukuze ubhalisele umndeni wakho, ithimba lakho lokufunda noma isikole sakho uSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu bese usiza ngokwenza lolu suku lube umcimbi wokufunda omkhulu kakhulu eNingizimu Afrika!

Funda kakhulu nathi!

Siyakwemukela esithasiselweni esikhethekile soSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu sakwaNal'ibali! Minyaka yonke ngesonto lokuqala kuMashi, abantu emhlabeni wonke bagubha uSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu ngokuhlangana bafundelane izindaba.

Abantu abadala bafundela izingane izindaba; izingane ezindadlana zifundele izingane ezisencane kanti ezinye izingane zifundela nabantu abadala ezaziyo ukuthi bayathanda ukuzizwa zifunda noma abangafundi. Kanti konke lokhu kwenzeka ezindaweni ezahlukene: emakhaya, ezikoleni, emaqenjini okudlala, ezinkulisa, emitapweni yezincwadi, ezikhungweni zomphakathi, emasontweni, emathempelini, kumamoski nasezitolo ezithengisa izincwadi! Kodwa, isenzo sokufunda kakhulu ngalolu suku akusona kuphela esokwabelana kwabantu ngezindaba ezigculisayo nezihlaba umxhwele. Sikhombisa izingane zethu nalabo abaseduze nathi ukuthi:

- ★ sicabanga ukuthi ukufunda kubalulekile
- ★ sizimisele ukusiza izingane zibe abafundi ngokuzifundela kakhulu njalo
- ★ sikholelwa ekutheni wonke umuntu unelungelo lokufunda ukuthi kufundwa kanjani!

Ungazibandakanya kanjani


Kulo nyaka uSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu luzogujwa mhla ka-6 Mashi 2013. UNal'ibali umema wonke umuntu oseNingizimu Afrika ukuthi afunde kakhulu indaba efanayo ngalolu suku ukuze sizizwele injabulo nezinzuzo zokwabelana ngezindaba nezingane – bese sigqugquzeleka ukuthi siqhubeke nokufundela kakhulu izingane zethu usuku ngalunye lonyaka.


- ★ UNal'ibali ukulethela indaba ekhethekile, Inkanyezi esagolide nokuqatshulwa kukaThoko (bheka emakhasini 2 no-4) ukuze wabelane ngayo ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu. Yifundele:
 - izingane zakho
 - izingane ezisegumbini ofunda kulo noma zasesikoleni sakho
 - emcimbini okhethekile ohlelelwe umtapo wezincwadi noma isikhungo somphakathi.
- ★ Sebenzisa imiqondo esekhasini lesi-3 ukuze uhlelele izinto ezithokozisayo eningazenza ezixhumene nendaba.
- ★ Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zenze amabheji oSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu. Zingasebenzisa i-*template* esekhasini lesi-6 noma zizenzele awazo.
- ★ Gqugquzela izingane ezindadlana ukuthi zigcwalise ikhasi elithi "Siyifundile!" ekhasini lesi-6 lapho zizogcwalisa khona ezikufundile ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu.



Drive your imagination

Read to me. Explore a story.
Ngifundele. Asijule nendaba.





A gold star and a kiss for Thoko

written and illustrated by Niki Daly



Friday was always the big day of the "Star Awards".

So far, Thoko had earned a yellow star for her maths sums, a red star for her neat writing and a blue star for "clean hands". Green stars were for helping

Mrs McKensie carry her big bag from her car to the classroom. You got a gold star for reading. Gold stars rocked!

Stars were always awarded just before the school bell rang and everyone rushed out to meet their mums, dads, grannies or aunts in the playground. Everyone, except Thoko, who lived close by and could walk home. Thoko lived with her mama at the back of her Gogo's dressmaking shop.

Friday was also great because Thoko got money to buy a treat on her way home. And this Friday was an extra lucky Friday because Thoko reached the car park just in time to help Mrs McKensie carry her big bag to the classroom. Maybe she'd win a green star. A gold star for reading would be better, of course.

Lately, Thoko had made a special effort with her reading – to read with expression, to pause after a comma and to stop at a full stop to catch her breath. The best reader was Brendan, who the children called "Greedy Eyes" because he devoured so many books.

Thoko helped Mrs McKensie hand out worksheets.

Friday's worksheet was all about time – and it was going far too slowly for Thoko. If only she could make all the hands on the drawn clocks spin and stop at Star Awards Time! During music, she couldn't wait for the last line of a new song to end. Waiting for the Star Awards was painful.

The final period of the school day was a free one, so Thoko decided to read. And while she read, she forgot all about time – first one book, then another and another. By the time she had added the titles to her reading list, Mrs McKensie was ready to announce the star winners.

Shane, Rhapelang, Corne and Taitum all got yellow stars. Gift, Gaswin, Aydon, Chleo and Kay-Lee got red stars. Roche, Shaunique and Miska got green stars. And Dana Rose, who had managed to wash green glitter off her fingers during break, received a blue star. Then Thoko heard her name called.

"Thoko and Brendan," announced Mrs McKensie, looking through the reading lists. Brendan had read five books and Thoko had read six! She felt like melting with happiness as Mrs McKensie placed a gold star on her forehead.

"Clang-a-lang!" went the school bell and Thoko raced through the school gates. She couldn't wait to show

Mama and Gogo her gold star. When she reached Mrs Ismail's spicy doughnut stand, her face was hot from running. Mrs Ismail's little daughter, Sharifa, was pretending to be a shopkeeper. She handed Thoko a spicy doughnut in a paper bag and smiled sweetly. "Thank you," said Thoko and sped off.

"Mama! Gogo!" she called, bursting through the front door, "Look what I got?"

Gogo looked up from her sewing and Mama peeped around a corner.

"Molo, Thoko!" they said. "How was school?"

"Look!" said Thoko. Mama and Gogo looked while Thoko pointed to her forehead.

"Look at what, Thoko?" asked Gogo.

"My gold star!" said Thoko impatiently.

"What gold star?" asked Mama.

"This one," said Thoko, running a finger across her forehead. But all she felt was smooth skin! The gold star was gone!

Thoko burst into tears as she explained how she had received a gold star for reading.

"Where did you have it last?" asked Mama.

"At school," replied Thoko.

"And what did you do after school?" asked Gogo. In tears, Thoko went over her route from school.

"Well, it's only a paper star," said Mama. But it wasn't. It was a very special *gold* star.

"Dry your tears and we'll go and look for your gold star," said Gogo.

Gogo helped Thoko retrace her steps around the corner and along the road back to school. And there at Mrs Ismail's doughnut stand they found Thoko's gold star – stuck to the forehead of Mrs Ismail's little girl! When Mrs Ismail heard Thoko's sad story, she said, "Sharifa darling, that gold star you picked up belongs to Thoko." But little Sharifa had fallen in love with Thoko's gold star. And when Mrs Ismail tried to remove it, she screamed so loudly that passers-by thought she was being murdered.

Gogo turned to Thoko.

"Sharifa's too small to understand what is fair.

But you are old enough to be thoughtful. Let her keep your gold star," she said. Thoko thought for a while. The corners of the gold star had curled up, and it looked as if it was about to fall off again. "Okay," said Thoko, "Sharifa can keep it." But inside, she still felt sad. Gold stars were not that easy to win.



Then at bedtime, Gogo brought Thoko something special she had made – a glittery gold star on a hairclip. "That's for being such a good reader," said Gogo. Then she kissed Thoko on the forehead and whispered, "And *that's* for being such a kind, thoughtful girl." Thoko touched her forehead and thought a little more as she drifted off to sleep: "Gold stars get curly corners and fall off. Kisses last forever!"





Get story active!

A gold star and a kiss for Thoko is a story especially written for World Read Aloud Day by one of South Africa's best-known children's authors and illustrators, Niki Daly. Read the story on pages 2 and 4 of this supplement a few times and then read it aloud to your children and others.

Here are some ideas for you to try out with your own children and/or with other children you are reading aloud to.

Before you read aloud

- ★ With younger children, start by singing a song (for example, "Twinkle, twinkle little star") or saying a rhyme linked to the content of the story. You may need to explain to preschoolers how stars are often used by teachers to reward good work and behaviour in primary school.
- ★ Talk together about the kinds of things the children have already been affirmed or recognised for at home or at school – perhaps they are good readers or they are helpful to others. Also, tell them about your own experiences of being affirmed. Encourage them to talk about how it feels to be recognised for doing something well. Use these discussions to introduce the story.

While you are reading aloud

- ★ As you read, help develop children's prediction skills by asking, "What do you think will happen next?" after Thoko discovers that her gold star is missing and when Gogo suggests that she let Sharifa keep it.

After you have read aloud

- ★ Help the children make connections between Thoko and her experience in the story, and their own lives. Talk about experiences they might have had that the story has reminded them of.
- ★ Encourage them to interpret the story by asking them to draw or paint a picture of their favourite part.
- ★ Ask older children to draw a map of the area in which Thoko lives. Suggest that they show her home, school and Mrs Ismail's doughnut stand, as well as her route home from school.
- ★ Invite older children to write their own stories about someone who set themselves a goal and then was able to achieve it or didn't achieve it.
- ★ Pretend you are a television interviewer. Together with the children write down questions that you could ask each of the story characters to get them to explain what happened in the story, for example, "Sharifa, how did you come to have Thoko's gold star?" Let the children volunteer to act as different characters from the story. Interview these "characters" using the questions written by you and the children.
- ★ If they have access to the Internet at home or at your local library, encourage older children to find out more about the author, Niki Daly. Encourage them to look for and read books written by him.

Neo's dad
Utata
ka-Neo



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Inkanyezi esagolide nokuqatshulwa kukaThoko indaba ebhalelwe ngokukhethekile Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu ngomunye wababhali nabenzi bemidwebo abathandwa kakhulu eNingizimu Afrika, uNiki Daly. Funda kaningana indaba esekhasini lesi-2 nelesi-4 kulesi sithasiselo bese uyifundela kakhulu izingane zakho nabanye abantu.

Nanka amanye amacebo eningawazama nezingane zakho kanye/noma nezinye izingane enizifundela kakhulu.

Ngaphambi kokuba ufunde kakhulu

- ★ Wena nezingane zakho ezincane, qalani ngokucula iculo (isibonelo, "Benye, benye, benye, benye inkanyezana encane") noma nisho umlolozelo oxhumene nokuqukethwe endabeni. Kungenzeka kudingeke ukuthi uchazele izingane ezisenkulisa ukuthi zisetshenziswa kanjani izinkanyezi othisha ukuze baklomelisa umsebenzi omuhle nokuziphatha ngendlela efanele esikoleni samabanga aphansi.
- ★ Xoxani ngezinhlobo zezinto izingane esezikhonjiswe noma zaziswa ngazo ukuthi zenza kahle ekhaya noma esikoleni – kungenzeka ukuthi zifunda kahle noma ziwusizo kwezinye izingane. Zixoxele nangendlela owawukhonjiswa ngayo ukuthi wenza kahle. Zigqogquzele ukuthi zixoxe ngokuthi zizizwa kanjani uma zaziswa ngokwenza okuthile kahle. Sebenzisa lezi zingxoxo ukwethula indaba.

Ngesikhathi ufunda kakhulu

- ★ Ngesikhathi ufunda, siza ukuthuthukisa amakhono ezingane okuqagela okuzakwenzeka ngokubuzwa, "Ngabe nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?" ngemuva kokuthola kukaThoko ukuthi inkanyezi yakhe esagolide ilahlekile nangemuva kokuba uGogo enze isiphakamiso sokuthi ayeke uSharifa ayigcine.

Ngemuva kokuba ufunde kakhulu

- ★ Siza izingane ukuthi zithole ukuxhumana phakathi kukaThoko nalokho okumehlele endabeni, nezimpilo zazo. Xoxani ngento eyenzeke ezimpilweni zazo eziyikhunjuzwe yindaba.
- ★ Zikhuthaze ukuthi zichaze indaba ngokuzicela ukuthi zidwebe noma zipende isithombe sengxenye eziyithandle.
- ★ Cela izingane ezindadlana ukuthi zidwebe ibalazwe lendawo lapho kuhlala khona uThoko. Yenza isiphakamiso sokuthi zikhombise ikhaya lakhe, isikole nesitodlwana samadonathi sikaNkosikazi Ismail, kanye nendlela ahamba ngayo esuka esikoleni eya ekhaya.
- ★ Cela izingane ezindadlana ukuthi zibhale izingane zazo ngomuntu othile owayezibekele okuthile akuphokophelele wase ekwazi ukuzuza noma wangakwazi ukuzuza abekuphokophelele.
- ★ Yenza sengathi ungumuntu obuza imibuzo ohlelweni lukamabonakude. Wena nezingane zakho bhalani phansi imibuzo ebeningayibuza umlingiswa wasendabeni ngamunye ukuze nimenze achaze ukuthi kwenzekeni endabeni, isibonelo, "Sharifa, kwenzeka kanjani ukuthi ube nenkanyezi kaThoko esagolide?" Vumela izingane ukuthi zivolontyiye ukuzenza abalingiswa abehlukene basendabeni. Buzani laba "balingiswa" imibuzo nisebenzisa imibuzo eniyibhale nezingane zakho.
- ★ Uma zikwazi ukungena ku-inthanethi ekhaya noma kumtapo wezincwadi oseduze nani, khuthaza izingane ezindadlana ukuthi zithole kabanzi ngombhali, uNiki Daly. Zikhuthaze ukuthi zibheke bese zifunda izincwadi azibhalile.

Create your own story cards

1. When you have finished reading the supplement, take out pages 2 and 4.
2. Cut along the dotted lines on each page.
3. Paste each part of the story on either side of an A4 sheet of cardboard. Use a separate sheet of cardboard for each language.
4. If possible, cover the cards with plastic.

Zakheleni amakhadi enu endaba

1. Uma usuqedile ukufunda lesi sithasiselo khipha ikhasi 2 no-4
2. Sika lapho kunomugqa wamachashaza khona ekhasini ngalinye.
3. Namathiselani ingxenye ngayinye yendaba ohlangothini ngalunye oqwembeni lwekhalibhothi elingu-A4. Sebenzisa uqwembe olwehlukile lwekhalibhothi olimini ngalunye.
4. Uma kungenzeka, vikela amakhadi ngokuwamboza ngoplastiki.

Inkanyezi esagolide nokumatshulwa kukaThoko

Ibhalwe yenziwa imidwebo nguNiki Daly

Ulweshlanu lwaluhlale luwusuku olukhulu "IweMiklomole Yezinkanyezi".

Kuze kube manje, uThoko wayesethole inkanyezi ephuzi yezibalo, inkanyezi ebomvu yokubhala ngobunono nenkanyezi eluhlaza okwesibhakabhaka "yezandla ezihlanzekile".

Izinkanyezi eziluhlaza okotshani kwakungezokusiza ngokuthwalisa uNkosikazi McKensie isikhwama sakhe

esikhulu sisuke emotweni yakhe siye egumbini lokufunda. Umuntu wayethola inkanyezi esagolide yokufunda. Izinkanyezi ezisagolide zazingefaniswe nezinye!

Izinkanyezi zazihlale ziklonyeliswa ngaphambi kokuthi kukhale insimbi yokuphuma kwesikole bese zonke izingane zigijima ziya komama, kobaba, kogogo noma ko-anti bazo enkundleni yezemidlalo. Ngaphandle kukaThoko, owayehlala eduze nesikole futhi owayeyva ekhaya ngezinyawo. UThoko wayehlala noMama wakhe ngemuva kwesitolo sokuthunga sikaGogo wakhe.

ULweshlanu lwaluwusuku oluhle futhi ngoba uThoko wayethola imali yokuzithengela oncamnce endleleni eya ekhaya. Kanti uThoko waba nenhlanhla futhi ngalolu Lweshlanu ngoba wafika endaweni yokupaka izimoto ngesikhathi sokuthi asize uNkosikazi McKensie ekuthwaleni isikhwama sakhe esikhulu aye egumbini lokufundela. Mhlawumbe uzowina inkanyezi eluhlaza okotshani. Noma phela bekungaba ngocono ukuthola inkanyezi esagolide.

Kamuva-nje, uThoko ubesenze imizamo mayelana nokufunda kwakhe – ukufunda akhombise imizwa, ukuphumula kancane ngemuva kukakhefana bese eyama ngemuva kukangqi ukuze adonse umoya. UBrendan

wangumpetha ekufundeni, izingane eziningi zazimbiza "uMehlo Ayaphanga" ngoba wayesefunde izincwadi eziningi.

UThoko wasiza uNkosikazi McKensie ukuthi akhiphe amaphepha okusebenzela. Iphepha lokusebenzela langolweshlanu laliphathelene nesikhathi – kanti sasihamba kancane ngempela kuThoko. Wayefisa sengathi angakwazi ukwenza izinti zamawashi

adweshiwe zizungeze bese zima Esikhathini Semiklomole Yezinkanyezi! Ngesikhathi somculo, wayengasakwazi ukulinda ukuthi kuphele umugqa wokugcina weculo elisha. Kwakunzima ukulinda Imiklomole Yezinkanyezi.

Babengenzi lutho ngesikhathi sesifundo sokugcina, ngakho uThoko wanquma ukufunda. Kanti ngesikhathi efunda, wakhohliwa nya ngesikhathi – wathatha incwadi yokuqala, kwalandela enye nanye. Ngesikhathi esefake izihloko zezincwadi ohlwini lwezincwadi ayezifundile, uNkosikazi McKensie wayeseme ngomumo ukumemezela abawine izinkanyezi.

UShane, uRapelang, uCorme noFaitum bonke bathola izinkanyezi eziphuzi. UGift, uGaswin, u-Aydon, uChleo noKay-Lee bathola izinkanyezi ezibomvu. URoche, uShaunique noMiska bathola izinkanyezi eziluhlaza okotshani. Kanti-ke uDana Rose, owayekwaze ukugeza asuse uqhakaza oluhlaza okotshani eminweni yakhe ngesikhathi sekhefu, wathola inkanyezi eluhlaza okwesibhakabhaka. UThoko wezwa sekubizwa igama lakhe.

"Thoko noBrendan," kumemezela uNkosikazi McKensie, ebuka izinhlu zezincwadi ezifundwe. UBrendan ufunde izincwadi ezinhlanu kanti uThoko ufunde eziyisithupha! Wagewala injabulo ngesikhathi uNkosikazi McKensie

enamathisela inkanyezi esagolide esiphongweni sakhe.

"Kenqe, kenqe!" kukhala insimbi yesikole. UThoko waphuma ngejubane emasangweni esikole. Wayesejahe ukukhombisa uMama noGogo inkanyezi yakhe esagolide. Ngesikhathi efika esitodlwaneni samadonathi anongwe ngezipayisi, ubuso bakhe base bushisa ngenxa yokugijima. Indodakazi encane kaNkosikazi Ismail, uSharifa, wayezenza umnisisitolo. Wanikeza uThoko idonathi elimongwe ngezipayisi esikhwameni sephapha wase emamatheka kamnandi. "Ngyabonga," kusho uThoko esuka ngejubane.

"Mama! Gogo!" ememeza, engena nezicabha emnyango ongaphambili, "Bhekani ukuthi ngitholeni?"

UGogo wayeka umthungo wakhe walunguza, noMama walunguza naye.

"Sawubona, Thoko!" kusho bona. "Bekunjani esikoleni?"

"Bhekani!" kusho uThoko. UMama noGogo babheka ngesikhathi uThoko ebakhombisa isiphongo sakhe.

"Sibhekani, Thoko?" kubuza uGogo.

"Inkanyezi yami esagolide!" kusho uThoko ngokunengwa.

"Iphi inkanyezi esagolide?" kubuza uMama.

"Le," kusho uThoko, efuna ngeminwe yakhe

esiphongweni. Kodwa wezwa isiphongo sakhe esibushalelezi kuphela! Yayilahlekile inkanyezi esagolide! UThoko wakhihla isitilo ngesikhathi echaza ukuthi ubethole inkanyezi esagolide yokufunda.

"Bewukuphi ngesikhathi ugcina ukuba nayo?" kubuza uMama.

"Esikoleni," kuphendula uThoko.

"Wenzeni ngemva kokuphuma kwesikole?" kubuza uGogo.

UThoko wachaza indlela yakhe esuka isikoleni echiphiza.

Nokho, bekuyinkanyezi eyenziwe ngephepha-nje," kusho uMama. Cha akunjalo. Bekuyinkanyezi esagolide yekhethelelo.

"Sula izinyembezi, sizohamba siyobheka inkanyezi yakho esagolide," kusho uGogo.

UGogo wasiza uThoko wabuyela emuva ngendlela abehambe ngayo, bajika ekhoneni bahamba ngendlela eya esikoleni. Laphaya esitodlwaneni samadonathi sikaNkosikazi Ismail bathola inkanyezi esagolide kaThoko – inamathele esiphongweni sentombazanyana kaNkosikazi Ismail encane! Ngesikhathi uNkosikazi Ismail ezwa indaba kaThoko ebuhlungu, wathi, "Sharifa mntakwethu, ekaThoko leyo nkanyezi esagolide." Kodwa inganyana enguSharifa yayiyithanda kakhulu inkanyezi kaThoko esagolide. Kwathi ngesikhathi uNkosikazi Ismail ezama ukuyisusa, uSharifa wakhala sengathi uyabulawa.

UGogo waphendukela kuThoko. "USharifa usemncane ukuthi angazi ukuthi buyini ubulungiswa. Kodwa wena usumdala ngokwanele ukuthi ungamcabangela. Myeke ayigcine inkanyezi yakho esagolide." kusho yena. UThoko wathi ukucabanga isikhashana. Amachopho enkanyezi esagolide ayesegeqekile, futhi yayibukeka sengathi izophinde iwe futhi. "Kulungile," kusho uThoko, "Angayigcina uSharifa." Kodwa wayesazizwa engemmandi ngaphakathi. Kwakungelula ukuwima izinkanyezi ezinombala osagolide.

Kwathi ngesikhathi sokulala, uGogo walethela uThoko into yekhethele ayemenzele yona – insiza yokubopha izinwele enenkanyezi enochakaza esagolide.

"Lokhu okokuba ngumfundi ovelele," kusho uGogo. Wase eqabula uThoko esiphongweni enyenyeka ethi, "Lokhu okokuba intombazane enomusa ecabangela abanye abantu." UThoko wabamba isiphongo sakhe wase ethi ukucabanga ngalokhu ngesikhathi elala: "Izinkanyezi ezisagolide zigoqana amachopho bese ziyawa. Ukuqatshulwa kuhlala ungunaphakade!"




It starts with a story.



Five good reasons to read aloud

1. Reading aloud to your children helps to develop the bond between a parent and child.
2. When you read aloud to children and they enjoy the story, they see reading as a satisfying activity and this helps to motivate them to read for themselves.
3. Reading aloud to young children shows them how we read and how books work. This knowledge makes it much easier for them to learn to read later on.
4. Children are able to understand and enjoy stories that are beyond their own reading ability when they hear them read aloud.
5. Hearing new words used in a story develops children's vocabulary and gives them a rich language to draw from when they write their own stories.



Izizathu ezinhle eziyisihlanu zokufunda kakhulu

1. Ukufundela kakhulu izingane zakho kusiza ukuthuthukisa ubudlelwane phakathi komzali nengane.
2. Uma ufundela kakhulu izingane bese zithokozela indaba, ubona ukufunda njengento egculisayo futhi lokhu kusiza ngokuzigqaguzela ukuthi zizifundele.
3. Ukufundela kakhulu izingane ezincane kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi. Lolu lwazi lwenza kube lula kakhulu kuzona ukuthi zifunde ukufunda ekuhambeni kwesikhathi.
4. Izingane zikwazi ukuqonda nokuthokozela izindaba ezingaphezu kwamazinga azo okwazi ukufunda uma zizizwa zifundwa kakhulu.
5. Ukuzwa amagama amasha asetshenziswa endabeni kuthuthukisa amagama aziwa ingane futhi kuzinikeza ulimi olunothile ezingathathela kulo uma sezibhala izindaba zazo.

Nal'ibali's top five reading-aloud tips

1. Choose books to read that you enjoy, but also ones that match your children's changing interests.
2. Reading aloud is always a performance! Put lots of expression in your voice to create the mood!
3. Start by reading the name of the author (and illustrator) so children appreciate that books are created by people just like them!
4. When you read a picture book, allow time for children to look at the pictures and comment, if they want to.
5. Books with rhyme, rhythm and repetition make good read-aloud books for young children and can help you introduce a new language. As they get to know the story, encourage children to join in as you read.



Amacebo amahlanu akwaNal'ibali okufunda kakhulu

1. Khetha izincwadi enizozifunda ozithokozelayo kodwa kube yilezo ezihambisana nokushintshashintsha kwezinto ezithandwa izingane zakho.
2. Ukufunda kakhulu kuhlale kungukulingisa! Yenza ukuthi izwi lakho lakhe umuzwa othile!
3. Qala ngokufunda igama lombhali (nodwebe imidwebo) ukuze izingane zazise ukuthi izincwadi zenziwa abantu abafana nazo!
4. Uma nifunda incwadi yezithombe, nikeza izingane isikhathi sokuthi zibheke izithombe bese ziphawula, uma zithanda.
5. Izincwadi ezinemilozolo, isigqi nempinda zenza izincwadi ezikahle ukuthi ungazifundela kakhulu izingane ezincane nokuthi wethule ulimi olusha. Ngezikhathi ziya ngokujwayela indaba, gqaguzela izingane ezincane ukuthi zihlanganyele nawe ngesikhathi ufunda.

Spot the difference!

Can you find 6 differences between these two pictures?



Thola okwehlukile!

Ngabe ungathola izinto eziyi-6 ezehlukile phakathi kwezithombe ezimbili?





Drive your imagination

Make a badge!

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.



Yenza ibheji!




1. Sika ulandele amachashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika indingilizi ewubukhulu obufanayo nebheji ekhalibhothini eliwugqinsi, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa i-sticky tape noma i-masking tape ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu.


What did you read?

Complete this table to record what you read on World Read Aloud Day.

Ufundeni?

Gcwalisani leli thebula ukuze nibhale lokho enikufunde ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu.

  Who did you read with? Example: my teacher, my parents, my friends, my younger brother/sister Ufunde nobani? Isibonelo: nothisha wami, nabazali bami, nabangani bami, nomfowethu noma udadewethu omncane.	 We read it! Siyifundile! Name of book or story Igama lencwadi noma lendaba.	How much did you enjoy the book or story? Uyithokozele kangakanani incwadi noma indaba? * ** ***
	A gold star and a kiss for Thoko/Inkanyezi esagolide nokuqatshulwa kukaThoko	





Story stars

Making reading happen!



Ikhwili Elementary School is in the village of Cwili in the Eastern Cape. Here the children are developing a passion for stories and then sharing this with their younger peers. We spoke to the school's principal, Mr Sisilana.

Where do the children get reading material?

Volunteers from an organisation called Kidlinks helped us to create a library by knocking down a dividing wall between two classrooms. They also recycled old, unused school desks into tables and benches. The library had some books, and more were donated by Rotary Books for the World. We also get the Nal'ibali newspaper supplements delivered to our school during term time.

Do the children use the library?

More and more parents and teachers are bringing their children to the library during and after school – there are so many that a volunteer librarian now keeps it open three afternoons a week!

Who uses the Nal'ibali supplements at your school?

Often, the older children read them aloud to the younger children. It is wonderful to see their enthusiasm as they read – laughing together at a funny story and then developing their own stories. The children are developing a love of stories together.

What impact has reading aloud had on the children?

The older children's confidence has soared through reading aloud and discussing books and the supplement stories with the younger children. And the younger children are now always the first to visit the library after lunch, waiting to have a story read to them or to look at and read books for themselves.

How else are the Nal'ibali supplements useful?

Because the Nal'ibali supplement is bilingual, the language barriers that usually exist between the English-speaking volunteers and the Xhosa-speaking children at our school are broken down. The children love the fact that the volunteers can read in English and they can read in Xhosa. This helps them have meaningful discussions.

What advice would you give schools that do not have libraries?

Literacy is important so we must grow it in any way possible. For example, if the school does not have a library, you could have a corner in the classroom where there are some reading books, magazines and newspapers for the children to read and enjoy.

Abavelele ezindabeni

Yenza ukufunda kwenzeka!

Ikhwili Elementary School yisikole esisemzini waseCwili eMpumalanga Kapa. Izingane zalapha zithuthukisa uthando lwezindaba bese zabelana ngalo nozakwabo abancane kunazo. Sikhulume nothishanhloko uMnu. Sisilana.

Izingane zizitholaphi izincwadi zokufunda?

Amavolontiya enhlangano ebizwa nge-Kidlinks, asisiza ukwenza umtapo wezincwadi ngokudiliza udonga olwaluhlukanise amagumbi okufundela amabili. Aphinda asebenzisa ngendlela entsha amadeskhi amadala, angasasebenzi aba amatafula namabhentshi. Ezinye zezincwadi zakumtapo wezincwadi zanikelwa i-Rotary Books for the World kanti siyazithola futhi nezithasiselo zakwaNal'ibali eziphuma kumaphephandaba esiwalethelwa esikoleni ngesikhathi kusavulwe izikole.

Ngabe izingane ziyawusebenzisa yini umtapo wezincwadi?


Baya ngokwanda abazali nothisha abaletha izingane zabo kumtapo wezincwadi ngesikhathi sesikole nangemuva kokuphuma kwesikole – ziba ningi kangangokuthi umsebenzi wakumtapo wezincwadi oyivolontiya uyuvula kathathu ngesonto ngemuva kokuphuma kwesikole!

Wubani osebenzisa izithasiselo zakwaNal'ibali esikoleni sakho?

Isikhathi esiningi kuba yizingane, ezindadlana ezifundela kakhulu izithasiselo izingane ezisencane. Kumnandi ukubona umdlandla ezinawo ngesikhathi zifunda – zihleka zonke indaba ehlekisayo bese zizakhela indaba yazo. Izingane zithuthukisa uthando lokufunda ndawonye.

Ngabe sekube namuphi umthelela ezinganeni ukufunda kakhulu?

Sekukhuphuke kakhulu ukuzethemba ezinganeni ezindadlana nokudingida izindaba zezithasiselo nezincwadi nezingane ezincane. Kanti nezingane ezincane sezihlala zingezokuqala ukuyovakashela umtapo wezincwadi ngemuva kwekhefu lesidlo sasemini, zilinda ukufundelwa indaba noma zibuke futhi zizifundele izincwadi.



Mr Sisilana, principal of Ikhwili Elementary School in the Eastern Cape

Ziwusizo kuphi futhi izithasiselo zakwaNal'ibali?

Ngenxa yokuthi izithasiselo zakwaNal'ibali zingezilimi ezimbili, isithiyo ngokuphathelene nolimi esijwayele ukuba khona phakathi kwamavolontiya akhuluma isiNgisi nezingane ezikhuluma isiXhosa esikoleni sethu sesiyaphela. Izingane ziyakuthanda ukuthi amavolontiya akwazi ukufunda ngesiNgisi nangesiXhosa. Lokhu kuzisiza ukuthi zibe nezingxoxo ezakha umqondo.

Ungazicebisa uthini izikole ezingenayo imitapo yezincwadi?

Kubalulekile ukwazi ukufunda nokubhala, ngakho kumele sikuthuthukise ngayo yonke indlela esingakwazi ukwenza ngayo. Isibonelo, uma isikole singenawo umtapo wezincwadi, ningaba nekhona egumbini lokufundela elinezincwadi, amaphephabhuku namaphephandaba ukuze izingane ziwafunde ziwathokozele.

To read more about Ikhwili Elementary School or to nominate someone as a Story Star, go to the Story Stars section on www.nalibali.org

Ukuze ufunde kabanzi nge-Ikhwili Elementary School noma ukuze uqoke omunye umuntu njengomuntu Ovelele Ezindabeni iya esigabeni sabavelele ezindabeni ku-www.nalibali.org



Story corner

Here is the final part of the story about the rain bird for you to read aloud or tell.

The rain bird (Part 2) Retold by Joanne Bloch

Two weeks passed but there was no more rain. "I don't care what anyone says!" thought Ketti. "We need rain. I'm going to feed the bird again tomorrow!"

Early the next morning, Ketti took a slice of bread and a handful of red berries from the kitchen and made her way to the centre of the forest. But she didn't know that her father was also awake. He realised what his daughter was going to do. "I'll teach that disobedient child a lesson!" he said to himself angrily. He snatched his bow and arrows and silently followed Ketti into the forest.

Just as the bird flew down to eat the food that Ketti had set out for it, her father raised his bow and released its deadly arrow. The arrow flew straight into the bird's heart and it let out a piercing shriek. Terrified, Ketti spun around and saw her father fall to the ground – dead. Looking back at the bird, she saw the arrow fall harmlessly from its body. Then the bird swooped up into the tree.

With a pounding heart, Ketti raced home. Every animal and person she saw on her way lay dead on the ground. At home, she quickly found her granny's old thumb piano. "This is my only hope!" she thought. "The rain bird is angry. I have to find a way to make her happy again!"

Ketti ran back to the big tree. With trembling hands, she began to play the thumb piano. She played and played, until her fingers hurt. Finally, the bird swooped down, ate some berries and sang a few notes. Then, as Ketti played on, it raised its wings ... Ketti heard a rustle behind her – her father was alive! "I'm sorry!" he said again and again to the big, blue bird. Then he held out his hand to his daughter and they walked back to the village, where all the people and animals were alive again.

That night the villagers held a meeting. They agreed that they had learned a valuable lesson. And from that day onwards, every week one of them makes a special trip to the forest to feed the bird that brings the rain.



Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba emayelana nenyoni enisa imvula ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

Inyoni enisa imvula (Ingxenye yesi-2) Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch

Kwadlula amasonto amabili kungekho mvula. "Anginandaba nokuthi bathini!" kucabanga uKetti. "Sidinga imvula. Ngizopha inyoni ukudla futhi kusasa!"

Ngakho ekuseni kakhulu osukwini olulandelayo, uKetti wathatha ucezu lwesinkwa kanye nenkeshezana yamajikijolo abomvu ekhishini, waphuma endlini engabonwa muntu waya phakathi nehlahi. Akazanga ukuthi noyise wayevukile naye. Wabona ukuthi yini eyayizokwenziwa indodakazi yakhe. "Ngizofundisa le ngane engezwa isifundo!" ekhuluma yedwa ngokuthukuthela. Wahlwitha umnsalo nomcibisholo wakhe walandela uKetti ngokuthula ukuya ehlathini.

Ngesikhathi inyoni indizela phansi ukuze idle ukudla uKetti ayeyibekele kona, ubaba wakhe wamisa umnsalo wakhe wase ededela umcibisholo wawo obulalayo. Umcibisholo wandiza waqonda ngqo enhliziyweni yenyoni, inyoni yakliwula ukukliwula okuvula izindlebe. Ethukile, uKetti waphenduka wabona uyise ewela phansi - eseshonile. Uthe uma ephenduka wobona umcibisholo uwa emzimbeni wenyoni ungayilimazanga. Inyoni yandizela phezulu esihlahleni.

UKetti waphuthuma ekhaya, inhliziyi yakhe ishaya ngamandla. Zonke izilwane nabo bonke abantu ayebabona endleleni babelele phansi beshonile. Ekhaya, wafika wathola ngokushesha upiyano oludlalwa ngezithupha oludala lukaninakhulu. "Leli ukuphela kwethemba enginalo!" ecabanga. "Idiniwe inyoni enisa imvula. *Kumele* ngiyijabulise futhi!"


UKetti wagijima wabuyela phansi kwesihlahla esikhulu. Ngeminwe evevezelayo, waqala ukudlala upiyano oludlalwa ngezithupha. Wadlala, wadlala, kwaze kwaba buhlungu iminwe yakhe. Ekugcineni, inyoni yehlela phansi, yadla amajikijolo yase icula amanothi ambalwa. Kwathi ngesikhathi uKetti eqhubeka nokudlala, yaphakamisa amaphiko ayo ... UKetti wezwa okuhwashazayo ngemuva kwakhe – uyise wayesevukile! "Ngiyaxolisa!" washo ephindelela enyonini enkulu eluhlaza okwesibhakabhaka. Welulela isandla indodakazi yakhe base behamba bebuyela emzini, lapho kwase kuvuke bonke abantu nezilwane.

Izakhamuzi zasemuzini zaba nomhlangano ngalobo busuku. Zavumelana ukuthi zifunde isifundo esibaluleke kakhulu. Kanti kusukela ngalolo suku, kuba khona omunye wabo othatha uhambo olukhethekile lokuyopha ukudla inyoni enisa imvula ehlathini, masonto onke.

In your next Nal'ibali supplement:

- How to explore a story with children
- Find out about the famous children's author, Dr Seuss
- Mini-book, *Chameleon's clever trick*
- A read-aloud story, *The patient emperor*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Find us on Twitter: @nalibaliSA
Sithole ku-Twitter: @nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ungayicubungula kanjani indaba nezingane
- Thola kabanzi ngombhali wezincwadi zezingane odumile uDkt. Seuss
- Ibhukwana, *Umgilingwane ohlakaniphile wonwabu*
- Indaba enizoyifunda kakhulu, *Umbusi onesineke*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA